**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ T.W. MCHUN NGOSUKU LOKUHAMBELA EMSINGA NGOLWESIBILI MHLAKA 27 JULY 2010**

Mphathi wohlelo;
Ngqongqoshe uBhungane;
Izinhloko zemiNyango uMnuz Chris Hlabisa noMnuz Bheki Nkosi;
Imeya yoMkhandlu;
Inkosi yaseMachunwini;
Amakhosi wonke akhona;
Amakhansela;
Izinduna;
Izikhulu zeminyango ngokwehlukana kwayo;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangiqale ngibonge Bhungane ngokunginika ithuba lokuba ngibe yingxenye yalo mcimbi. Ngiphinde ngibongele abantu balapha eMachunwini ikakhulukazi lapha ku-ward 14 ngokuthi namhlanje bangofakazi bokuthi uHulumeni wabo waKwaZulu-Natal usebenza ngoNgqongqoshe abehlukene kodwa abanomgomo owodwa wokuthi kuliwe nokungalingani nobuphofu kubantu bakithi.

Ukuza kwethu lapha namhlanje kuyingxenye yokusabela ikhwela elihlathswe nguMongameli wezwe uJacob Gedleyihlekisa Zuma ukuthi masiphume siye kubantu ezindaweni zasemakhaya siqinisekise ukuthi izimpilo zabantu ziguquka ngokushesha.

Njengoba ngijabulela ukuba yingxenye yalo mcimbi nje, ngiyazi ukuthi njengoba kuleli sonto sengiqeda unyaka ngikulo Mnyango kukhona abese beqalile ukubuza ukuthi kaze ngiyofika nini lapha eMsinga. Basho ngoba bazi izinhlelo zemigwaqo eziningi ezilethwe nguMnyango lapha eMsinga ngesikhathi esedlule.

Mangisho kodwa ukuthi nakuba isikhathi esiwunyaka singesincane kangako, imiphakathi eminingi ibingakangiboni esifundazweni sonke ngezinhlelo zezokuthutha jikelele. Lokhu kudalwe ngukuthi ngithe ngingena kulo Mnyango kwabe kuyisikhathi esimatasa kakhulu kulungiselelwa iNdebe yoMhlaba. Imisebenzi yeNdebe yoMhlaba ithathe isikhathi esiningi kwadingeka zithi ukuma ezinye izinhlelo zokuya emiphakathini njengalo mcimbi wanamhlanje.

Okunye futhi okusikhinyabeze kakhulu ngukuthi lo Hulumeni wesifundazwe oholwa nguDkt Zweli Mkhize uqale ukusebenza ngesikhathi kunenzikamnotho emhlabeni wonke, kanti besivele isifundazwe sisenkingeni yokuthi izimali zisebenze ngokweqile ngenkathi kufuqwa umkhankaso wokuguqula izimpilo zabantu zibe ngcono. Kodwa-ke manje siyezwa ongoti bezomnotho bayasho ukuthi isimo sesiya ngokuba ngcono nakuba singakaphumi ngokuphelele kule nzikamnotho.

Kodwa okunye esikujabulelayo singuHulumeni ngukuthi ukungasitholi isikhathi sokuya emiphakathini njengabaholi kanye nayo le nzikamnotho, akwenzanga ukuthi ime nse imisebenzi yentuthuko ebivele isihlelelwe ukuba yenziwe. Nani lapha eMsinga ningofakazi bokuthi intuthuko benilokhu niyibona ngamehlo kulesi sikhathi sokuguqa komnotho emhlabeni.

NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal, sithi namhlanje asizile ukuzokwenza izethembiso kodwa sizozibophezela phambi kweNkosi yaseMachunwini nomphakathi wonke ukuthi uthuli lusazoqhubeka lushunqe lapha eMsinga. Umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli usaqhubeka njengoba unjalo.

Kukhona imigwaqo emincane esithi ama-*local road* esizibophezele ukuyakha nokuyilungisa kabusha lapha eMsinga kulo nyaka wezimali. Kukhona uCebisa Loca Road ngaphansi kweNkosi uMchunu; uKhwanini Local Road ngaphansi kweNkosi uNgubane neShlabeni Local Road ngaphansi kweNkosi yaKwaMabaso. Le migwaqo ezokudla imali engu-R4 mllion kulindeleke ukuba ibe isiphothuliwe ngoNovember walo nyaka.

Okubhekwe kakhulu ngale migwaqo ngukuthi izokwenza lula ukufinyelela ezikoleni, emitholampilo nasezindaweni zokuholela impesheni kulezi zindawo. Siyazi-ke futhi ukuthi njengoba kuyimigwaqo yasemakhaya nje kuzodingeka igcinwe isesimweni ngomama bakaZibambele, okusho amathuba amasha okuxosha ikati eziko.

Kukhona futhi umsebenzi oqale kuyona le nyanga wokwakhiwa kwebhriji lezinyawo kwiMooi River endaweni yaseKeates Drift. Leli bhriji lizokudla imali engu-R6 million. Lizosiza kakhulu abafundi baKwaZenzele High School, iKeates Drift Primary, iSiyabonga Primary, Ubuhlalo Primary naseMhlangezulu Primary.

Imigwaqo esizoyifaka inkwali kabusha ihlanganisa uP369 ngaphansi kwenkosi yakwaMajozi; uD1329 eNkosini yakwaNgubane; uD571 osetshenziswa umphakathi waseShiyane; uP373 oxhumanisa umphakathi waseNtababomvu nakwaJolwayo noP194 oxhumanisa umphakathi waseHelpmekaar ne-Elandskraal. Ukusetshenzwa kwale migwaqo kuzobe sekuphelile ngoNovember walo nyaka kanti kuzodla imali engu-R4.5 million.

Konke lokhu esikubalayo kuyingxenye ebalulekile ekwenziweni kwezimpilo zabantu zibe ngcono. Inselelo nje esibhekene nayo ngeyokuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalsizinda.

Siyaye sijabule nje uma sesibona imiphakathi lapho sekwakhiwe le migwaqo namabhuloho isixoxa indaba ngokushintsha kwezimpilo zayo. Sijabuliswa ngukuthi phela akuqali ukuthi sibe noHulumeni eNingizimu Afrika. Nakudala babekhona ohulumeni nalapha KwaZulu-Natal, kodwa abantu ezindaweni zasemakhaya esesakhe kuzona le ngqalasizinda yima bexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

Mangiphethe ngokuthi nakuba singenayo imali eyenele, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso wokulethwa kwentuthuko emakhaya njengokuyalelwa nguMongameli wethu ukuze ekugcineni izimpilo zabantu bakithi zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

Imali engu-R108.4 million etshalwe ekwakheni nokugcina ingqalasizinda isesimweni esiFundeni saseMzinyathi ngonyaka wezimali ka-2010/11 kugcizelela ukuzibophezela kwalo Mnyango ekuthuthukisweni kwezindawo zasemakhaya.

Okokugcina, mangigcizelele ukuthi yonke intuthuko esikhuluma ngayo lapha incike ekutheni sibe nokuthula nokuphepha ezindaweni esihlala kuzona. Ngakho-ke nginxusa umphakathi wonke ukuthi ubambisane noHulumeni emkhankasweni wokulwa nobugebengu ukuze sikwazi ukwakha isizwe esiphumelelayo.

**Ngiyabonga**